



Libraries support literacy

South Africa is celebrating National Book Week from 2 to 8 September 2019 and, together with the rest of the world, commemorates International Literacy Day on 8 September.

Libraries have a very important role to play in supporting literacy. Are you a librarian who wants to share the power of stories and reading with children? Are you looking for ways to get children to visit the library regularly? Here are some ideas that other librarians shared with us that will help you do this.



Imitapo yezincwadi isekela ukufunda nokubhala

INingizimu Afrika ibungaza Isonto Lezincwadi Likazwelonke ukusuka zi-2 kuya ziyisi-8 kuMandulo wezi-2019 futhi, ngokuhlanganyela nomhlaba wonke, ikhumbula Usuku Lwamazwe Ngamazwe Lokufunda Nokubhala ngomhla ziyisi-8 kuMandulo.

Imitapo yezincwadi inendima ebaluleke kakhulu eyidlalayo ekusekeleni ukufunda nokubhala. Ngabe ungusomtapo wezincwadi ofuna ukwabelana ngamandla ezindaba kanye nokufunda nezingane? Ngabe ucinga izindlela zokwenza izingane zejwayele ukuvakashela umtapo wezincwadi? Nawa amanye amasu osomtapo bezincwadi abathile ababelane ngawo nathi nazokusiza ukwazi ukwenza lokhu.

HOSTING SPECIAL EVENTS

- ★ **New members** Use National Book Week to encourage children and reading clubs to sign up as members of the library. Run special events at your library that will attract new members and show everyone what libraries have to offer.
- ★ **Treasure hunt** Help children become familiar with your library by inviting them to join in a "treasure hunt". Hide small items in different parts of the library, then write clues that will help the children find the items. For example: "You will find this treasure on the shelf where the books about wild animals are." Let the children work in pairs to find the items.
- ★ **Holiday activities** Offer a school holiday programme at your library where children are able to listen to stories, act them out, write their own stories and do fun craft activities like card- and puppet-making.

UKUBAMBA IMICIMBI EKHETHEKILE

- ★ **Amalunga amasha** Sebenzisa Isonto Lezincwadi Likazwelonke ukukhuthaza izingane namathimba okufunda ukuthi abhalise njengamalunga omtapo wezincwadi. Yenza imicimbi ekhethekile emtatsheni wakho wezincwadi ezoheha amalunga amasha futhi ikhombise wonke umuntu ukuthi ihlinzeka ngani imitapo yezincwadi.
- ★ **Ukuzingela umcebo** Siza izingane ukuthi zejwayele umtapo wakho wezincwadi ngokuzimema ukuthi "zizozingela umcebo". Fihla izinto ezincane ezingxenyeni ezahlukeni zomtapo wezincwadi, bese ubhala okunika umkhondo okuzosiza izingane ukuthi zizithole izinto. Isibonelo: "Lo mcebo uzowuthola eshalofini elinezincwadi ezingezilwane zasendle." Vumela izingane ukuthi zisebenze ngazimbili ukuze zithole izinto.
- ★ **Imisebenzi yesikhathi samaholide** Hlinzeka ngohlelo lwangesikhathi samaholide emtatsheni wakho wezincwadi lapho izingane zikwazi khona ukulalela izindaba, zizilingise, zibhale izindaba zazo bese zenza imisebenzi yobuciko ethokozisayo efana nokwenza amakhadi kanye namaphaphethi.

INTRODUCING BOOKS TO CHILDREN

- ☆ **Time for tots** Set aside a special library time each week for 0 to 2 year olds and their caregivers. Spend time sharing children's songs and rhymes together. Then provide board books and other books for babies for them to read together.
- ☆ **Story time** Offer a story half-hour for young children once or twice a week where you read aloud from different picture books in the library. Remember to display these afterwards so that children can look at them on their own. Have paper and crayons available so they can draw pictures inspired by the stories after you have read them.

UKWETHULA IZINCWADI EZINGANENI

- ☆ **Isikhathi sabacathulayo** Beka eceleni isikhathi esikhethekile emtatsheni wezincwadi isonto ngalinye sezingane ezino-0 ukuya kwezineminyaka emi-2 kanye nalabo abazinakekelayo. Chithani isikhathi nabelana ngamaculo ezingane kanye nemilozelo ndawonye. Bese uhlinzeka ngezincwadi ezinezingqembe kanye nezinye izincwadi zabantwana abancane ukuze bazifunde ndawonye.
- ☆ **Isikhathi sendaba** Yiba nendaba ethatha isigamu sehora yezingane ezincane kanye noma kabili ngesonto lapho ufunda khona kakhulu izincwadi ezinezithombe ezahlukeni ezitholakala emtatsheni wezincwadi. Khumbula ukukhangisa ngazo kamuva ukuze izingane zizibhekele zona ngokwazo. Beka iphepha kanye namakhrayoni ukuze zikwazi ukudweba izithombe ezisuselwa ezindabeni ngemva kokuba uzifundile.

Visit your library!

To celebrate International Literacy Day on 8 September 2019, Nalibali is shining the spotlight on libraries! We're helping to make sure that you and your children can enjoy hours of reading pleasure at your local library. To find out more about our library drive, go to the Nalibali website – www.nalibali.org.



Vakashela umtapo wezincwadi wakho!

Ukubungaza Usuku Lwamazwe Ngamazwe Lokufunda Nokubhala ngomhla ziyisi-8 kuMandulo wezi-2019, uNalibali ukhanyisa ilambu eligqamile emtatsheni yezincwadi! Siyasiza ukuqinisekisa ukuthi wena nezingane zakho nikwazi ukuthokozela amahora enjabulo yokufunda emtatsheni wezincwadi oseduze kwakho. Ukuthola kabanzi ngomkhankaso wethu wemitapo yezincwadi, hamba kusizindalwazi sakwaNalibali – www.nalibali.org.



Drive your
imagination



IT STARTS WITH
A STORY.
KUQALA
NGENDABA
EXOXWAYO.

Celebrate literacy!

Each year on 8 September the world celebrates International Literacy Day. On this day, we recommit ourselves to working towards making illiteracy a thing of the past, in South Africa and across the world.

Here are some activity suggestions to help your reading club celebrate International Literacy Day.



Bungaza ukufunda nokubhala!

Njalo ngonyaka mhla ziyisi-8 kuMandulo umhlaba ugubha Usuku Lwamazwe Ngamazwe Lokufunda Nokubhala. Ngalolu suku, sizinikela thina uqobo ukusebenzela ukwenza ukungakwazi ukufunda nokubhala kube yinto eseyadlula, eNingizimu Afrika kanye nasemhlabeni wonkana.

Nazi iziphakamiso ezithile zemisebenzi ukusiza ithimba lakho lokufunda ukubungaza Usuku Lwamazwe Ngamazwe Lokufunda Nokubhala.

Hold story elections On a table or the floor, display about ten different cut-out-and-keep books from the Nal'ibali Supplement, that you have read to the children recently. Next to each book, place an empty container, for example, a peanut butter jar, margarine tub or box. Give each child a small piece of paper which will be their voting slip and ask them to write their name on it. Ask the children to place their voting slip in the container next to the story that they most enjoyed. Together, add up the votes for each book to see which story they loved the most – and then let us know by emailing info@nalibali.org. (Please put FOR THE NAL'IBALI SUPPLEMENT in the subject line.) Don't forget to include your children's names or the name of your reading club so that we can include this information in the supplement.

Bambani ukhetho lwezindaba Phezu kwetafula noma phansi, khangisani ngezincwadi ezahlukeni okungenani eziyishumi ozisika uzikhiphe bese uzigcina eziphuma kuSithasiselo sikaNal'ibali, obusanda kuzifundela izingane kamuva nje. Eduze kwencwadi ngayinye, beka isiqukathi esingenalutho, ukwenza isibonelo, ithini lebhotele lamantongomane, isitsha noma ibhokisi lebhotele. Nikeza ingane ngayinye isiqephu esincane sephepha okuzoba yisithikithana sayo sokuvota bese ucela ukuthi ibhale igama layo kuso. Cela izingane ukuthi zibeke izithikithana zazo zokuvota esiqukathini eduze kwendaba eziyithokozele kakhulu. Nindawonye, hlanganisani amavoti encwadi ngayinye ukubona ukuthi iyiphi indaba eziyithande kakhulu – bese-ke usazisa ngokusithumelela i-imeyili ku-info@nalibali.org. (Sicela ubhale FOR THE NAL'IBALI SUPPLEMENT emgqeni wesihloko.) Ungakhohlwa ukufaka amagama ezingane zakho noma igama lethimba lakho lokufunda ukuze sifake lolu lwazi kusithasiselo.

Spread the message Help others learn about the pleasure of reading by arranging a reading club session in a safe, but busy public space over the weekend, such as a local shopping centre, supermarket or library. Ask the parents/caregivers of some of the club members to help out on the day. Invite children passing by to join the usual club members, and have fun reading.



Sabalalisa umyalezo Siza abanye ukuthi bafunde ngentokozo yokufunda ngokuhlela umhlangano wethimba lokufunda endaweni ephephile, kodwa ematasa ngempelasonto, njengenxanxathela yezitolo eseduze, isuphamakethe noma umtapo wezincwadi. Cela abazali/abanakekeli bamanye amalunga ethimba ukuthi basize ngalolo suku. Mema izingane ezizidlulelayo nje ukuthi zihlanganyele namalunga ethimba ajwayelekile, zithokozele ukufunda.

Make story videos Let the children decide whether they want to read, tell or act out a short story on their own or in groups. Use a cellphone to record them as they do this. Then play it back to them so they can enjoy watching themselves! (If there are a lot of children at your club, then ask a few groups to perform at the same time and film a part of each of their performances.)

Yenza amavidiyo ezindaba Izingane mazinqume ukuthi zifuna ukufunda, ukuxoxa noma ukulingisa indaba emfushane ngokwazo noma emaqenjini. Sebenzisa umakhalekhukhwini ukuziqopha ngesikhathi zenza lokhu. Manje-ke phinda uyidlalele zona ukuze zithokozele ukuzibuka! (Uma kukhona izingane eziningi ethimbeni lakho, cela amaqembu ambalwa ukuthi alingise abuye enze ividiyo ngesikhathi esifanayo njengengxenywe yokulingisa kwazo ngakunye.)



Design posters Ask the children to think about the ways in which reading and writing make a difference in their lives. Then ask them to write a slogan about literacy and to draw pictures that go with it. (A slogan is a few words that together communicate a message about something, for example: Literacy makes you a leader.) Display the finished posters at your reading club to help you create a print-rich environment for the children.



Dizayina amaphosta Cela izingane ukuthi zicabange ngezindlela ukufunda nokubhala okwenza umehluko empilweni yazo. Emva kwalokho zicele ukuthi zibhale isiqubulo mayelana nokufunda nokubhala kanye nokuthi zidwebhe izithombe ezizohambisana naso. (Isiqubulo ngamazwi ambalwa okuthi endawonye edlulise umyalezo ngento ethile, ukwenza isibonelo: Ukufunda nokubhala kukwenza umholi.) Khangisa ngamaphosta aphelile ethimbeni lakho lokufunda ukusiza ukwenza indawo ecebe ngokubhaliwe kwezingane.

WIN! WINA!

For a chance to win some Book Dash books, write a review of the story, *Let's have an inside day* (pages 7 to 10), and email it to team@bookdash.org, or take a photo and tweet us at [@bookdash](https://twitter.com/bookdash). Remember to include your full name, age and contact details.

Ukuthola ithuba lokuwina ezinye izincwadi zakwa-Book Dash, bhala iqoqa elihlaziya indaba ethi, *Masibe nosuku lwangaphakathi* (amakhasi 7 kuya kwele-10), bese ulithumela nge-imeyili ku-team@bookdash.org, noma uthwebule isithombe bese uxhumana nathi ngothwitha ku-[@bookdash](https://twitter.com/bookdash). Khumbula ukufaka igama lakho eligcwele, iminyaka yobudala kanye neminingwane yokuxhumana.



Drive your imagination

Get story active!

Here are some activities for you to try. They are based on all the stories in this edition of the NaIbali Supplement: *The library* (pages 5, 6, 11 and 12), *Let's have an inside day* (pages 7 to 10) and *We have to go!* (pages 13 and 15).

The library

- Read the title of the book. Then flip through the book and look at the pictures. Now you're ready to start again at the beginning and to tell the story from the pictures. You can tell the story on your own or with a friend. Use the pictures to guide you.
- Write down the story you have told. Use separate strips of paper for the words that go with each of the pictures. Glue your words to the book's pages and enjoy reading the story!
- How many different stories can you tell using the same pictures? Try it out!



Let's have an inside day

Look at the list below of some of the things the children in the story enjoy doing when they spend a day indoors.

- Circle those that sound like fun to you.
- Add some of your own favourite things to do indoors.
- Compare the ways you like spending time indoors with a friend's.

- ☐ Eat pancakes with syrup and berries.
- ☐ Jump on the bed.
- ☐ Dress up and then take photos.
- ☐ Play card games or board games.
- ☐ Play hide-and-seek.
- ☐ Run around and scream.
- ☐ Dance and sing.
- ☐ Tell stories.

.....

.....

.....

.....



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nayi eminye imisebenzi ongayizama. Isuselwa kuzo zonke izindaba ezikulolu shicilelo lweSithasiselo sikaNaIbali: *Umtapo wezincwadi* (amakhasi 5, 6, 11 nele-12), *Masibe nosuku lwangaphakathi* (amakhasi 7 kuya kwele-10) kanye nethi *Kumele sihambe manje!* (ikhasi le-14 nele-15).

Umtapo wezincwadi

- Funda isihloko sencwadi. Ngemva kwalokho phenqa incwadi bese ubheka izithombe. Manje usulungele ukuqala futhi ekuqaleni uxoxe indaba ususela ezithombeni. Ungakwazi ukuxoxa indaba ngokwakho noma nomngani. Sebenzisa izithombe ukukuqondisa.
- Bhala phansi indaba oyixoxile. Sebenzisa imidweshu yephepha ukwenzela amagama ahambisana nesithombe ngasinye. Namathisela amagama akho emakhisini encwadi bese uthokozela ukufunda indaba!
- Zingaki izindaba ezahlukeni ongakwazi ukuzixoxa usebenzisa izithombe ezifanayo? Awukuzame!

Masibe nosuku lwangaphakathi

Bheka uhlu olungezansi lwezinye zezinto izingane ezisendabeni ezithokozela ukuzenza uma zichitha usuku zingaphakathi endlini.

- Kokelezela lezo ezizwakala zithokozeleka kuwe.
- Yengeza ezinye zezinto zakho ozikhonzile ukuzenza ngaphakathi endlini.
- Qathanisa izindlela othanda ukusebenzisa ngazo isikhathi osichitha ungaphakathi endlini nalezo zomngani.

- ☐ Yidla amakhekhe epani ngosulubha kanye namabheri.
- ☐ Gxuma phezu kombhede.
- ☐ Gqoka bese uthatha izithombe.
- ☐ Dlala imidlalo yamakhadi noma edlalwa oqwembeni.
- ☐ Dlala umacashelana.
- ☐ Gijima uzungeze bese umemeza.
- ☐ Dansa bese ucula.
- ☐ Xoxa izindaba.

.....

.....

.....

.....

We have to go!

- Make your own book, just like Neo did in the story. Decide who you would like to give your book to – or keep it so that you can read it again and again!
- Read some books written and/or illustrated by Joan Rankin. You can also find books that she illustrated in past supplements on our website: www.nalibali.org. Look for editions 16, 19, 33, 37, 52, 60, 76, 91, 102, 104, 136 and 156! Which one is your favourite?



Kumele sihambe manje!

- Yenza eyakho incwadi, njengoba nje uNeo enzile endabeni. Nquma ukuthi ungathanda ukuyinika bani incwadi yakho – noma uyigcine ukuze ukwazi ukuyifunda uphinde uyifunde!
- Funda izincwadi ezithile ezibhalwe futhi/noma zadwetshelwa imifanekiso nguJoan Rankin. Ungakwazi futhi ukuthola izincwadi azidwebele imifanekiso ezithasiselweni ezedlule kusizindalwazi sethu: www.nalibali.org. Bheka izintshicilelo olwe-16, 19, 33, 37, 52, 60, 76, 91, 102, 104, 136 nolwe-156! Iyona yiphi eyakho oyithanda kakhulu?

Nal'ibali news

On 3 June 2019, at an international conference for library professionals, Next Library, which was held in Aarhus, Denmark, Nal'ibali won the Systematic Joy of Reading Award! This international award recognises projects that encourage citizens to read. It is funded by the Danish software company, Systematic and is awarded by an international jury.

"The ability to read is a door-opener to a wealth of opportunities in life, and it is important that children are told stories and learn to reflect on the stories they are presented with, right from a very young age. Nal'ibali is a very fine example of a reading project with just this kind of focus," explains Michael Holm, CEO of Systematic.

Nal'ibali competed with 28 other organisations from around the world and was selected as the winner for "its work with fundamentally transforming the culture of reading in South Africa".

Nal'ibali's Managing Director, Jade Jacobsohn, was in Denmark to receive the award from the president of the International Federation of Library Associations and Institutions (IFLA), Glòria Pérez-Salmerón from Spain.

Jade Jacobsohn dedicated the award to everyone who works at Nal'ibali as well as to Nal'ibali's 17 000 FUNda Leaders. "These literacy activists are ordinary people who have signed up with Nal'ibali to create opportunities for the children in their lives to fall in love with books," Jacobsohn explained.

Nal'ibali will use the prize money to spread the joy of reading by buying books for its new Story Power in Motion mobile library project.

Izindaba zikaNal'ibali

Mhla zi-3 kuNhlanguvana wezi-2019, engqungqutheleni yezizwe ngezizwe yezisebenzi zemitapo yolwazi, iNext Library, obubanjelwe e-Aarhus, e-Denmark, uNal'ibali uziwinele i-Systematic Joy of Reading Award! Lo mklomelo wezizwe ngezizwe uhlonipha imisebenzi eyizinhlelo ezikhuthaza izakhamuzi ukuthi zifunde. Ixhaswa ngezimali yinkampani yezezinhlelo zamakhompiyutha yase-Denmark, iSystematic futhi inikezelwa ngabehluleli bezizwe ngezizwe.

"Amandla okwazi ukufunda kuyindlela yokuvula umnyango engcebeni yamathuba empilweni, futhi kubalulekile ukuthi izingane zixoxelwe izindaba zibuye zifunde ukujula ngezindaba ezethulelwa zona, ukusuka eminyakeni emincane yobudala. UNal'ibali uyisibonelo esihle kakhulu sohlelo lokufunda olugxile nje kulokhu," kuchaza uMichael Holm, u-CEO waseSystematic.

UNal'ibali ubencintisana nezinye izinhlangano ezingama-28 eziphuma emhlabeni wonke wakhethwa njengodle umhlanganisano ngenxa "yomsebenzi wakhe ngokuguqula ngokujulile isiko lokufunda eNingizimu Afrika".

U-Managing Director wakwaNal'ibali, uJade Jacobsohn, ubekwelaseDenimakhhi ukuyokwamukela indondo ephuma kumongameli we-International Federation of Library Associations and Institutions (IFLA), i-Glòria Pérez-Salmerón ephuma eSpain.

UJade Jacobsohn wethule indondo kuwo wonke umuntu osebenza kwaNal'ibali kanjalo nakumaFUNda Leaders akwaNal'ibali ayizi-17 000. "Lezi zishoshovu zokufunda nokubhala ngabantu abajwayelekile nje ababhalise noNal'ibali ukwenzela izingane ezisempilweni zabo amathuba okuthi zithande izincwadi," kuchaza uJacobsohn.

UNal'ibali uzosebenzisa umklomelo wemali ukusabalalisa injabulo yokufunda ngokuthenga izincwadi zohlelo lwakhe olusha lweStory Power in Motion uhlelo lomtapo wezincwadi ongumahambanendlwana.




Jade Jacobsohn with jury members, Marian Morgan-Bindon (IFLA, Australia), Kirsten Boelt (IFLA, Denmark) and Martin Brøchner-Mortensen (Systematic, Denmark).

UJade Jacobsohn namalunga abehluleli, uMarian Morgan-Bindon (IFLA, e-Australia), uKirsten Boelt (IFLA, e-Denmark) kanye noMartin Brøchner-Mortensen (Systematic, e-Denmark).



Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.



Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Drive your imagination



COLLABORATE COMMUNITY PROJECTS

Library was created as part of the Dithakga tša Gobala project (2017). The aim of the project was to create wordless picture books based on stories sourced from parents and children in the Mamelodi community in Pretoria, South Africa. Wordless picture books allow readers to use the illustrations to create a story in a language of their choice. In this way, the project hopes to foster a love of books, reading and storytelling regardless of literacy levels, language preference and age.

www.collaboratecommunityprojects.org

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi




**Drive your
imagination**

UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi

Umtapo wezincwadi The library



*Olga Tholo
Tlotliso Tholo
Lucinda Jordaan*



but whisper when we
pass Mama's room.
kodwa sihlebeze uma
sedlula ekamelweni
likama.



Lots more free books at bookdash.org

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi




UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your
imagination

Let's have an inside day Masibe nosuku lwangaphakathi



Alicia van Zyl
Lerato Mbangeni
Rendani Nemakhavhani



Let’s have an inside day!


Masibe nosuku lwangaphakathi!



We'll hide
and seek.
Sizodlala
umacashelana.



We'll run
and scream,
Sizogijima
futhi
simeze,




... because an inside day
is a busy day.

... ngoba usuku lwangaphakathi
luwusuku olumatasatasa.




Let's have a dancing and
singing day.

Masibe nosuku
lokudansa nokucula.




A tickle tummies and
eat gummies day.

Usuku lokukitazana izisu kanye
nokudla izintshungama nje.




Let's have an inside games day.
Masibe nosuku lwemidlalo
yangaphakathi endlini.




A pancake, syrup and
berries day.

Usuku lwamakhekhe epani,
usulubha kanye namabheri.






A dress up like Dad and
take pictures day.
Usuku lokugqoka njengoBaba
bese uthatha izithombe.





A jump on the bed and
twirl day.
Usuku lokugxuma ungene
embhedeni nokuzigoqa.



Let's get snugly and tell
stories, then fall asleep
and get snoring ...
Masizisonge bese sixoxa
izindaba, sizumeke
bese sihonqa ...









We have to go!

By Helen Brain ■ Illustrations by Rico



It was Tuesday and there was no school. All the children were meeting at the library for a special day. It was International Literacy Day and people all over the world were going to read and write and listen to stories on the same day.

Neo was so excited. His favourite author, Joan Rankin, was coming to the library to read from the books she had written, and his dad had promised to take him to see her. Neo had written a special book about her, and he couldn't wait to give it to her.

But when Neo got up on Tuesday morning, there was a funny noise coming from the kitchen. He went to look. The washing machine was making a terrible rattling, coughing noise as if it was going to explode.



Neo's dad came to see. "Oh no!" he said. "The pump must be broken. It's going to cost so much to get it fixed. We might have to buy a whole new washing machine."

"We can't afford a new washing machine," Neo's mom said. "Please, can't you fix it? I have to go to work, and there's so much dirty washing."

Dad hated seeing Neo's mom so upset so he said, "I'll fix it. Neo will help me. I'll find a website that shows me how to mend broken washing machines."

"But, Dad, you promised to take me to the library," said Neo.

"That will have to wait, Neo. The washing machine is more important. Maybe Gogo can take you," said Dad.

"I'm going out today," said Gogo, shaking her head. "I'm sorry, Neo. You'll have to go next week."

Neo was very upset. "But, Dad, you promised me you would take me to the library," he said. "We have to go soon."

Dad fetched his toolbox and googled, "How to fix a washing machine pump" on his cellphone.

"Here you go," he said to Neo, showing him the page. "This doesn't look too difficult." And with that, he pulled the washing machine out and turned it around so he could take off the back.

But fixing the machine was more difficult than it looked.

"There's a drawing here," Dad grumbled, looking at his phone. "But it's so small, I can't see what goes where."



Then Dad dropped one of the screws and it rolled under the fridge, so he had to pull the fridge out to get the screw. Neo looked at the clock. It was half past nine. Only half an hour until Joan Rankin arrived at the library.

"Please, Dad," he said, hopping from one leg to the other. "Please, hurry so we can go to the library. We have to go now."

"I'm busy here and you are not helping, Neo!" Dad looked cross.

Neo was upset. His father had promised to take him, but now everything was going wrong.

"NO, NO, NO," yelled Dad. "I don't believe it!"

"What?" Neo asked in a small voice.

"Now my phone's battery is flat!" Dad shouted. "Please fetch me the charger."

But at that very moment the power went out.

"Oh no," said Neo. "Now the electricity is off."

Dad seemed very angry. "This is the worst Tuesday ever. I'm halfway through fixing the machine and now I can't read about what to do next."

Neo nodded. "Yes, it is the worst Tuesday ever. You can't fix the machine, and I'm missing Joan Rankin," but he didn't say any more because he could see that Dad was very upset. Neo slumped down at the kitchen table and hid his head in his arms.

Dad packed away his tools. "There's not much we can do now," he said.

Neo lifted his head a little bit. The clock said ten to ten. They could still make it to the library – they'd be late, but he'd still see Joan Rankin and he could still give her his present. He turned the pages of the little book he'd made. He'd written the story and drawn the pictures, and Gogo had helped him put it together and make a cover. Dad was calming down. He picked up Neo's book. "What's this, Neo?" he asked.

Continued on page 15.



Kumele sihambe manje!

Ikhona
lezindaba



NguHelen Brain ■ **Imidwebo nguRico** ■ **Umhumushi nguBusisiwe Pakade**

KwakungoLwesibili futhi kungafundwa. Zonke izingane zazizohlanganela emtatsheni wezincwadi ngoba kwakuwusuku olukhethekile. Kwakuwusuku Lwamazwe Ngamazwe Lokufunda Nokubhala kanti abantu emhlabeni wonke babezofunda, babhale, futhi balalele izindaba ngalo lona lolu suku.

UNeo wayegcwele injabulo. Umbhali wakhe amthandayo, uJoan Rankin, wayezoba khona emtatsheni wezincwadi ezofunda izincwadi azibhalile, futhi ubaba wakhe wayethembise indodakazi ukuthi uzoyihambisa iyombona. UNeo wayebhale incwadi ekhethekile ngaye, futhi wayengasakwazi ukulinda ukumnika yona.

Kodwa lapho uNeo evuka ngoLwesibili ekuseni, kwakukhona umsindo oxakile ophuma ekhishini. Wayobheka. Umshini wokuwasha wawenza umsindo okhehlezelayo, ofuze ukukhwehlela, kwakungathi uzoqhuma.



Ubaba kaNeo wazobheka. "Ohhe!" kusho yena. "Kungenzeka ukuthi kufe iphampu. Kuzobiza ukuyilungisa. Kungenzeka kudingeke ukuthi sithenge umshini wokuwasha omusha."

"Angeke sikwazi ukuthenga umshini wokuwasha omusha," kusho umama kaNeo. "Ngeke kodwa wawulungisa, bandla? Kumele ngiye emsebenzini, futhi kunezingubo eziningi ezingcolile."

Ubaba wayengathandi ukubona umama kaNeo ephatheke kabi kangaka, ngakho wathi, "Ngizowulungisa. uNeo uzongisiza. Ngizothola isizindalwazi esizongikhombisa ukuthi ilungiswa kanjani imishini ephukile."

"Kodwa Baba, ubungithembise ukuthi sizoya emtatsheni wezincwadi," kusho uNeo.

"Kuzomele kume kancane lokho, Neo. Ubaluleke kakhulu umshini wokuwasha. Mhlawumbe angakuhambisa uGogo," kusho uBaba.

"Ngiyaphuma nami namhlanje," kusho uGogo, enikina ikhanda lakhe. "Ngiyaxolisa, Neo. Kuzomele uye ngesonto elizayo."


UNeo waphatheka kabi kakhulu. "Kodwa, Baba, ubungithembisile ukuthi uzongisa emtatsheni wezincwadi," kusho yena. "Kumele sihambe masinyane nje."

UBaba walanda ibhokisi lakhe lamathuluzi wase ecinga ikhasi ku-google kumakhalekhukhwini wakhe lapho okuthi khona: "Ilungiswa kanjani iphampu yomshini wokuwasha".

"Nanti," esho kuNeo, emkhombisa ikhasi. "Lokhu akubukeki kunzima kakhulu." Wabe esedonsa umshini wokuwasha, wase ewuphendula ukuze akwazi ukuwuvula ngemuva.

Kodwa ukulungisa umshini kwakunzima kunendlela okwakubukeka ngayo.

"Kunomdwebo lapha," kukhonona uBaba, ebheke ucingo lwakhe. "Kodwa mncane kakhulu, angikwazi ukubona ukuthi yini engena kuphi."



Kusenjalo uBaba wawisa esinye isikru esagingqika sayongena ngaphansi kwefriji, kwadingeka ukuthi asuse ifriji ukuze akhiphe isikru. UNeo wabuka iwashi. Kwase kugamenxe ihora lesishiyagalolunye. Kusele isigamu sehora ngaphambi kokuba kufike uJoan Rankin emtatsheni wezincwadi.

"Ngiyakucela bandla, Baba," esho, egxuma ngalo omlenze abuye agxume ngomunye. "Ngicela, usheshise ukuze sikwazi ukuya emtatsheni wezincwadi. Kumele sihambe manje."

"Ngimatasatasa la futhi awungisizi ngalutho, Neo!" UBaba wayebukeka ethukuthele.

UNeo wayephatheke kabi. Ubaba wakhe wayemthembise ukumhambisa, kodwa manje kwakungasahambi ngokohlelo.

"LUTHO, LUTHO, LUTHO," kumemeza uBaba. "Angikukholwa lokhu!"

"Yini?" Kubuza uNeo ngezwi elincane.

"Seliyaphela ibhethri locingo lwami!" kumemeza uBaba. "Ngicela ungilandele ishaja."

Kodwa kwathi kusenjalo kwathi nyampu ugesi.

"Ohhe," kusho uNeo. "Sekuhambe nogesi."

Ubaba wayebukeka ethukuthele kakhulu. "Lolu nguLwesibili olubi kunabo bonke. Bese ngiphakathi nokulungisa umshini kodwa manje angisakwazi ukufunda ukuthi yini elandelayo okumele ngiyenze."

UNeo wanqekuzisa ikhanda. "Yebo, nguLwesibili olubi kunabo bonke. Awukwazi ukulungisa umshini, kanti nami ngizophuthelwa nguJoan Rankin," kodwa akabange esaqhubeka ngoba wayebona ukuthi uBaba uthukuthele kakhulu. UNeo wazilahlela etafuleni lasekhishini wafihla ikhanda lakhe ngezingalo.

UBaba waqoqa amathuluzi akhe. "Akukho okutheni esingakwenza njengamanje," kusho yena.

UNeo waphakamisa ikhanda lakhe kancane. Iwashi lalithi kusele imizuzu eyishumi ngaphambi kokushaya kwehora leshumi. Babesengakwazi ukufika emtatsheni wezincwadi – bazofika ngemva kwesikhathi, kodwa uzokwazi ukubona uJoan Rankin futhi uzokwazi ukumnikeza isipho sakhe. Waphenya amakhasi encwadi encane ayeyenzile. Wayebhale indaba futhi wadweba izithombe, kanti uGogo wayemsize ukuthi ayihlanganise kanye nangokwenza ikhava. UBaba wayezama ukwehlisa umoya. Wacosha incwadi kaNeo. "Yini le, Neo?" kubuza yena.

Iqhubeka ekhasini le-15.



Drive your
imagination

From page 13.

"My book," Neo said in a tiny voice. "I was going to give it to my favourite author at the ..." He didn't finish the sentence.

"Come on," called Dad, grabbing his car keys. "We have to go NOW! We can still get to the library in time if we hurry."

Joan Rankin had begun to read her story to the children when Neo and Dad hurried into the library. Neo found a seat at the back and settled down to listen. Her story was wonderful, and so were her pictures. Neo hoped he'd be able to draw like that one day.

And the best of all? When she'd finished and Neo showed her his book, she thought it was wonderful.

"Did you really write this story all by yourself?" she asked him.

"Yes," said Neo. "And I drew the pictures too. It's a present for you, Ma'am."

Then Joan Rankin opened her bag and took out one of her books. Inside she wrote, "For Neo, who makes beautiful books", and she signed her name in big letters and gave it to him.

Neo was so happy. He held the book so tightly he never wanted to let it go.



Just then Dad came over. "You won't believe it," he said. "I found a book on how to fix washing machines, and look – the drawings are big and clear. Why didn't you tell me the library had books like this, Neo?"

Dad gave Neo a hug. "Books are awesome. Their batteries never run flat, and you can even read them when the electricity goes off."

Neo smiled a happy smile and nodded. That was true. You can read a book anywhere and anytime.



Kusukela ekhasini le-14.

"Incwadi yami," kusho uNeo ngezwi elincane. "Bengizoyinikeza umbhali engimthandayo, e ..." Akazange awuqede umusho.

"Woza," kumemeza uBaba, ethatha izikhiya zakhe zemoto. "Kumele sihambe MANJE! Sisengakwazi ukufika ngesikhathi emtatsheni wezincwadi uma nje singasheshisa."

UJoan Rankin wayeseqalile ukufundela izingane indaba yakhe ngesikhathi uNeo noBaba wakhe bengena emtatsheni wezincwadi begijima. UNeo wathola isihlalo emuva wase ehlala phansi ukuze alalele. Yayimnandi indaba kaJoan, kanjalo nezithombe zakhe. UNeo wayefisa sengathi angakwazi ukudweba njengaye ngelinye ilanga.

Kambe yini eyabanhle nakakhulu? Lapho eseqedile nangemva kokuba uNeo esemkhombise incwadi yakhe, wacabanga ukuthi iyisimanga.

"Ngabe yonke le ndaba ibhalwe nguwe wedwa ngempela?" kubuza yena.

"Yebo," kusho uNeo. "Kanti ngidweba nezithombe futhi. Yisipho sakho, Mama."

UJoan Rankin wabe esevula isikhwama sakhe wase ekhipha enye yezincwadi zakhe. Ngaphakathi kwayo wabhala ukuthi, "EkaNeo, obhala izincwadi ezimnandi", wase esayinda igama lakhe ngamagama amakhulu, wase emnikeza yona.

Yayichichima injabulo kaNeo. Wankonkoshela incwadi engafuni ukuyidedela.



Kuthe kusenjalo kweza uBaba. "Angeke ukukholwe lokhu," kusho yena.

"Ngithole incwadi emayelana nokuthi ikhandwa kanjani imishini yokuwasha, ake ubheke nje – imidwebo mikhulu futhi icacile. Kungani ungangitshelanga ukuthi umtapo wezincwadi unezincwadi ezifana nale, Neo?"

UBaba wawola uNeo. "Izincwadi zinhle kakhulu. Amabhethri azo awapheli, futhi ungazifunda noma kusahambe ugesi."

UNeo wamamathekiswa yinjabulo wase engekuzisa ikhanda. Kwakuyiqiniso elimsulwa lelo. Ungafunda incwadi noma yikuphi futhi noma yinini.




Drive your imagination

Nal'ibali fun

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali



- 1.** Can you match the top and bottom part of these Nal'ibali characters?
Ungakwazi ukuqondanisa ingxenye engaphezulu nengaphansi yalaba balingiswa bakwaNal'ibali?



- 2.** Can you correctly match each of the characters in (1) with their names?

Ungakwazi ukuthi uqondanise ngokufanelekile umlingiswa ngamunye oku-(1) negama lakhe?

Mbali/UMbali Josh/UJosh Hope/UHope
Gogo/UGogo Priya/UPriya
Bella/UBella Neo/UNeo Afrika/U-Afrika



A: _____
B: _____
C: _____
D: _____
E: _____
F: _____
G: _____
H: _____



- 3.** How well do you know the Nal'ibali characters on this page?

Clue: Use the information in "Collect the Nal'ibali characters" in Supplements 156, 157 and 158 to help you.

- What are the names of Gogo's grandchildren? _____
- What kind of pet does Bella have? _____
- What is her pet's name? _____
- Which of these children is Neo's cousin? _____
- Which character likes stories about pirates? _____
- Which character likes stories about queens? _____

Ngabe ubazi kahle kangakanani abalingiswa bakwaNal'ibali abakuleli khasi?

Insiza yokuthola impendulo: Sebenzisa imininingwane etholakala engosini ethi "Qoqa abalingiswa bakwaNal'ibali" kuZithasiselo 156, 157 nese-158 ukukusiza.

- Ngobani amagama abazukulu bakaGogo? _____
- Unahlobo luni lwesilwane esifuywayo uBella? _____
- Ngubani igama lesilwane sakhe? _____
- Iyiphi kulezi zingane engumzala kaNeo? _____
- Yimuphi umlingiswa othanda izindaba ezimayelana nezigebengu zasolwandle? _____
- Yimuphi umlingiswa othanda izindaba ezimayelana nezindlovukazi? _____

Answers: 1. A-5, B-8, C-2, D-7, E-3, F-4, G-1, H-6 2. A: UNeo, B: U-Afrika, C: UGogo, D: Hope, E: uBella, F: uJosh, G: uMbali, H: uPriya 3. a. Neo, Mbali, b. dog, c. Noodle, d. Afrika, e. Neo, f. Bella

Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us by calling our call centre on 02 11 80 40 80, or in any of these ways:

UNal'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. Thintana nathi ngokushayela inombolo yesikhungo sethu ethi 02 11 80 40 80, noma enye yalezi zindlela:

www.nalibali.org www.nalibali.mobi [nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA) [@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA) info@nalibali.org

Produced by The Nal'ibali Trust and Tiso Blackstar Education. Translation by Dumisani Sibiyi. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

Sowetan
IN THE KNOW ON THE MOVE.



Drive your
imagination

